

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English\isiZulu

| UMandulo 2017 Ushicilelo I

Celebrating women's contribution to tourism



Tourism is a key driver of South Africa's economy.



TOURISM HAS THE potential to be a major driver of economic transformation, as a handful of Western Cape women are showing.

Sulaiman Philip

The Department of Tourism plans to increase the number of women in ownership and management positions over the next few years.

"Tourism is a key driver of our economy, with a immense potential to fast track radical and economic transformation," the Minister of Tourism Tokozile Xasa says.

It is important for the tourism sector to take the lead in transformation through opening up opportunities for women.

Minister Xasa says one of the biggest obstacles to the

empowerment of women in the tourism sector is access to funding and managerial skills. This is why government entities have set up programmes like the Industrial Development Corporation's Women Entrepreneurial Fund.

The Park Inn Hotel by Radisson in Newlands, Cape Town, is special. Opened in 2014, the three-star hotel was designed and built to make it accessible to disabled visitors. It also houses the offices of Deaf SA and a third of its staff is hearing impaired.

Just as important, Minister Xasa said on a recent visit, is that more than 50 per cent of

its staff are women, with 10 in managerial positions.

The minister was speaking during a recent tour of women-owned and managed tourism establishments in the Western Cape.

Transforming the tourism sector

It is important, she said, that the role women play in the industry be recognised.

"With a workforce comprised largely of women operating at the lower levels of the value chain, it is incumbent on our sector to lead the process of gender diversity and transformation that will result in more women occu-

pying executive positions," she said.

The minister also visited women-owned restaurants and a bed and breakfast in Khayelitsha. She had lunch with Abigail Mbalo-Mokoena at her 4Roomed eKasi Culture.

Mbalo-Mokoena, a trained dentist and contestant on MasterChef SA, dreamed of owning a restaurant at which she could serve local cuisine in a township setting.

Another woman entrepreneur, Nomalungelo Sotyingwe, owner of Lungi's BnB, shared her experiences,

● Cont. page 2

OR Tambo at the United Nations on 26 October 1976: "We will have a South Africa in which the young of our country ... shall be taught to love their people of all races, to defend the equality of the peoples, to honour creative labour, to uphold the oneness of mankind and to hate untruth, obscurantism, immorality and avarice."

Life and legacy of
OR TAMBO.
100 YEARS



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za


Tel: (+27) 12 473 0405

Free Copy



SAPS steps up to help victims of gender-based violence

Page 4



Government puts plans in place to curb TB

Page 7



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za

E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0405

Free Copy

Amagama amathathu amancane akha umphakathi ophephile

ISEBENZISA UHLELO Iwezobuchwepheshe lokuthola ukuthi indawo ikuphi, inhlango yendawo isiza ukuhlinzeka ngezinsizakalo zempilo kwezinye zezindawo okunzima kakhulu ukuzithola eNingizimu Afrika.

Sulaiman Philip

Ilokishi laKwaNdengezi, ngaphandle kwase-Durban, yindawo enabantu abayizii-54 000. Leli lokishi linezindlu ezakhiwe ngezitini nezomazakhele abakhwiwe ngamazenke, izitini ezindala namapulangwe. Imigwaqo ekhona ayinamagama futhi uma ungahlali kuleli lokishi elingamakhilomitha ayi-14km ubude nobubanzi, kulula ukulahlekla.

Njengoba uThembinkosi Lesley Dladla, umhloli weshifu ye-Emergency Management Rescue Services (i-EMRS) echaza: "Njengomsebenzi we-EMRS, umsebenzi wami awunamingcela sisebenza kulo lonke iTheku. Kunzima kakhulu emalokishini, ngoba awabhalifi amaga-ma emigwaqo, futhi azikho nezinombolo zezindlu.

Ama-ambulensi angatha-tha isikhathi eside ukuba afike ezigulini. Kwizikhathi eziningi kuze kuphele usuku lonke i-ambulensi ifunana neziguli. Ama-ambulensi kanye nabasebenzi bezempilo emphakathini, kudingeka balokhu becela izakhamuzi ukuba zibayale. Emphakathini, ukuyalelwuya nomqondisi we-Gate-

yokuhamba emigwaqweni yaselokishini engaqondakali.

Ukusebenzisa uhlelo lokuthola ukuthi ikuphi indawo

Inhlango yezempilo engekho ngaphansi kuhulumeni (i-NGO) ya-sendaweni, i-Gateway Health Institute, iqalisipholo iprojekthi KwaNdenegezi ezokwenza ibalazwe lelokishi lonke. Ngokokuqala ngqa, izakhamuzi zizoba nekheli ezingalisebenzisa lapho zishayela abezokwelapha zicela usizo.

I-NGO isebebenzia i-what3words, uhlelo lwe-intanethi lokuthola ukuthi ikuphi indawo, ukuze yenze amakheli endawongayinyelo kishini. Lolu hlelo luhlukanisa umhlaba ubeyizikwele ezingo-3m x 3m ubukhulu ezingamathriliyoni angama-57. Isikwele ngasinye sinekheli eliqondene naso esabelwe lona kusengaphambili elingamagama amathathu.

Abasebenzi be-Gateway Health Institute abahamba emalokishini basiza izakhamuzi zithole indawo ezikuyo kuleli balazwe lomhlaba bese bephrinta amakheli azo anamagama amathathu ngophawu Iwepulasitiki olunanyathiselwa emzini. La makheli abhaliswa

enqolobaneni yolwazi, futhi i-NGO iyakwazi ukuthola ukuthi yiziphi izinsizakalo zezokwelapha ezidingeka kuyiphi indawo.

Lolu hlelo lokuthola ukuthi ikuphi indawo lusise ekwenyuseni inani labesifazane abakhulelwabathola ukunakekelwa ekhaya ngesikhathi behkulelwe. Uma kudingeka usizo Iwezokwelapha, lungase luthunyelwe endaweni ekhona ebalazweni futhi abasebenzi be-ambulensi bayazi ukuthi kumelwe bayekuphi ukuze banikeze usizo oluhenga ukuphila.

Ngaphandle kokunikeza amakheli emizini yaKwa-Ndenegezi, i-Gateway Health Institute iphinde isebebenzenoMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali ekutholeni amakheli ezindawo zomphakathi njengezikhungozikahulumeni zendawo, imitholampilo kanye namaphampu aletha amanzi okuphuza ahlanzekile. Inhlosu ukwakha ibalazwe eliningilizayo lezakhamuzi elingase lisetshenziswe ngamabhinisi nohulumeni ukuze uthuthukise ukuphila komphakathi.

Le phrojekthi yaqalwa uDkt. Coenie Louw, umsunugli nomqondisi we-Gate-



Uhlelo lobuchwepheshe lokuthola indawo lusiza abasebenzi bezempilo bathole izindawo okunzima kakhulu ukuzithola.

(Isithombe: what3words)

way Health Institute.

Ukuxazulula inkinga

I-Gateway Health Institute iqhuba amaphrojekthi ezempilo omphakathi emiphakathini ehlwempu ezweni lonke. Izinsizakalo zezempilo ezibalulekekakhulu ezinikezayo ukuletha imithi nokuhambisa abesifazane abakhulelwabeskape sebesikwa: Abantwana abangama-50% abazalwayo KwaNdenegezi bazalelwae khaya. Ngaphambi kokubale phrojekthi iqale, i-ambulensi yayithatha amahora angafika kwamane ukufika kowesifazane osikwayo.

Ekuqaleni, u-Louw waza-

ma ukuhlukanisa izindawo ngnonxantathu esebebenzia imibhoshongo yefoni. "Ngachitha iminyaka emibili ngizama ukuthi singayithola kanjani indawo okukhona kuyo owesifazane okhulelwosikwayo."

Le phrojekthi isetshe-nzisewa nokusiza kwinkinga yokuntuleka kwemisebenzi emalokishini — abantu abasha abayi-11 ababengasebenzi baqashwa njengabasebenzi abazophuma baye elokishini ukuze basize izakhamuzi zihlonze amakheli azofuthi basize ukufaka indawo nolwazi Iwezempilo enqolobaneni yolwazi ye-Gateway Health Institute. ▀

Uhulumeni ubeka uhlelo lokulwa ne-TB

UMNYANGO WEZEMPILO KaZwelone wenza iNhlovo yaho yoKwanda kwe-TB, ukuze usize ekuthuthukiseni uhlelo Lukazwelone Lokulawula i-TB.

Sulaiman Philip

UMnyango Wezempilo KaZwelone wenza iNhlovo yaho yoKwanda kweSifo Sofuba (i-TB) ukuze usize ekuthuthukiseni uhlelo lwayo lokulawula i-TB kuzwelone.

Abasebenzi abaphumayo baye emalokishini bavakashela imizi ukuze bahlolwe labo abangase babe ababambiqhaza, abayohaniswa baye emtholampilo oseduze ukuze bahlolwe futhi babe neqhaza kwinhlolo-vo.

Inhlovo izoqala eThe-

kwini kule nyanga bese idlulela ezweni lonke. Izwe liye lahlukanisa izindawo ezintathu, kuye ngamazinga okudlanga kwegciwane le-TB. Isibalo sabantu abane-TB eGauteing naseLimpopo siphansi; KwaZulu-Natali, eFreyistata naseMpumalanga siphakathi nendawo, zona lezi zifundazwe ezine ezisele zibhekwa njengezinesibalo esiphezulu.

INhlovo Yokwanda kwe-TB iyokwenza uhulumeniaqonde kangcono ukuthi kukuphi lapho kudingeka khona usizo nokuthi hlobo luni losizo ukufanele lucatshangelwe.

Ukubamba iqhaza kwenziwa ngokuzithandela futhi kuyothatha imizuzu engabangama-60, kuhlanganise nokuholwa i-TB.

I-TB iyelapheka

I-TB ukugula okubangelwa yigciwane, kakhulu elithinta amaphaphu kodwa ngezinye izikhathi lingathinta ezinye izingxenyen zomzimba.

Ithelelwana ngokukhwehlela. Ngezinye izikhathi ungase ungazi ngisho nokuthi uyagula.

Abantu abasengozini kakhu-lu abantu abahlala emijondolo, abantu abaphila negciwane

leSandulelangculazi (i-HIV), noma isifo sikashukela, abesifazane abakhulelwenezingane.

Izimpawu ezivamile zihlanganisa ukunciphembeni, imfiva, ukukhwehlela nokuju-luka ebusuku, okungase kubonakale kungokungatheni izinyanga eziningana, ngenxa yalokho kubambezele ukuba umuntu abone ukuthi kudingeka athole usizo Iwezokwelapha.

Ukwelashwa kuwuhlelo olusebenzia imithi emine, ethathwa izinyanga eziyisithupha, ngaphansi kokuqashwa ngabezokwelapha.

Ukuyeka ukuphuza imithi, noma ukusebenzisa imithi ngendlela engafanele, kungase kuholele ohlotsheni Iwe-TB olungezweli emithini. Imithi ye-TB engezweli emithini kudinga imithi enobuthi kakhulu engase ibe nemithelela eyingozi ezigulini.

Kubalulekile ukwazi ukuthi i-TB iyelapheka futhi ikhona imithi yamahhala. Uma unayo i-TB, uyothola imithi nosizo emtholampilo wakho oseduze.

Umyalezo ovela emnyangweni ucacile: yazi izimpawu, yelashwa besi liphele igciwane. ▀

Amafama aseQunu athengise isivuno sawo sokuqala

ABALIMI BEMIFINO, endaweni kaMandela eQunu, eMpumalanga Kapa, bavuna izinzuso zohlelo oluqhutshwa uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuguqulwa Komhlaba lokulwa nobubha.

Siya Miti

Abalimi abasafufusa basesigodini si-ka-Nelson Mandela eQunu eMpumalanga Kapa baye bathengisa isivuno sabo sokuqala semifino.

Abalimi, ababephakathi kwabaningana abathola izithombo, banikezwazizithombe zemifino uMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuguqulwa Komhlaba njengengxene ye yoSuku Lomhlaba Wonke luka-Nelson Mandela ngonyaka odlule.

Izithombo zanikezwazisikole i-Nelson Mandela Nomoscow Primary School, izikole zamabanga aphezulu i-Emba Junior Secondary kanye ne-Upper Qunu Junior Secondary neSonto lamaSheshi ukuba batshale iziqebhu ezingama-67 eQunu.

Le phrojekthi yayinezinselele, kodwa umnyango awuzange ulahle ithembu. Ngo-Ndasa kulo nyaka, wahlinzeka ngezinye izithombo ezizyizi-2 400 zeklabishi, u-beetroot, ispinashi no-anyanisi kubantu bakule ndawo ukuze iqhubekelohelo lokukhiqiza ukudla okwanele, olwenzelwa ukulwa nobubha.

Abalimi abavela emizini eyi-15 bavuna umvuzo wabo wokusebenza kanzima; izitho-



■ Abalimi uKoko Nkunzi noNothemba Barhaza bagubha isivuno sabo sokuqala noNgqongqoshe WaseMpumalanga Kapa (u-MEC) Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuguqulwa Komhlaba uMlibo Qoboshiyane no-Jessica Venter we-Kei Superspar.

mbo zasiza ekwandise ni inani lesivuno, futhi ukuthengisa umkhiqizo wabo osele kwabanikeza imali enhle yokondla iminden yabo.

I s i v u n o s o k u q a l a sathengiselwa uMthatha Kei Superspar ngoNtulikazi.

Iminden ehlwempu Yonge imali eningi

Ekhulumu esengadini yakhe eseduze nomuzi wakwa-Mandela, umlimi wendawo uKoko Nkunzi wathi: "Imifino ibuqedwa ngokushesha ububha futhi, ngokungafani nombila, isheshe ikhiqize. Isheshe ivuthwe bese udayisa

futhi akuthathi isikhathi eside ukuyivuna."

UNkunzi wathi lolu hlelo luyabasiza bakhiqize ukudla kwabo futhi babe nemifino eseles abazoyidayisa. "Ukuthengisa umkhiqizo wethu e-Spar kuyasigqugquzela ukube saqala kudala ngabesikude manje," esho.

Umlimi uNothemba Bhara-haza wathi iqhaza likaHulumeni selishintshe ukuphila kwabo lakwenza kwaba ngcono. "Siyayidla eminye imikhiqizo futhi ngithengisa ispinashi emizini yasendaweni. Iqhaza elivelu kuhulumeni lithuthukisa ukuphila kwami

ngoba angisayithengi imifino ezitolo. Ngithenga izinto ezimbalwa bese ngizixuba nemifino yami ukuze ngiphekele umndeni wami ukudla okwehl'esiphundu."

Uma intengo yokudla yenyuka, akawuzwa kakhulu umphumela walokho, enezela. Ngokwamanani entengo amanje, umndeni ongangoka-Bharhaza, odla izixha ezimbili zespashni neklabishi elilodwa ngokudla ngakunye, izinsuku eziyi-15 ngenyanga, wonga imali engama-R570 ekudleni nyanga zonke.

Umfelokazi, onezingane eziyisikhombisa nomzukulu

oyedwa, wathi imali yakhe yempesheni nenzuko aye-nzayo ngokuthengisa imifino yiyona kuphela imali e-ngenayo ayitholayo.

Abathengisi bayayincoma imifino yabalimi baseQunu

U-Jessica Venter we-Kei Superspar wancoma imifino yabalimi baseQunu. "Sizobasiza laba balimi ngokuthenga umkhiqizo wabo. Umkhiqizo siwuthola usanda kukhiwa, siwuthengisa ngamanani akahle kakhulu futhi amakhasimende ayawuthanda kakhulu," kusho u-Venter.

U-MEC woMnyango Wezokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya Nokuguqulwa Komhlaba eMpumalanga Kapa uMlibo Qoboshiyane wathi umyango wakhe wanquma ukwandisa uhlelo lokukhiqiza ukudla okwanele emphakathini wonkana. "Sizobanika izithombo eziningi futhi sibasize bathuthukise ingqalasizinda yabo yokunisa ukuze bandise umkhiqizo wabo," kusho uQoboshiyane.

"Ngiyajabula ukubona laba balimi bethengisa imikhiqizo yabo ezitolo nasemizini yasendaweni. Ngiyabona ukuthi abayiqabuki le nto. Bayazithanda kakhulu ezolimo." ■

Abalimi bathi kosomabhizinisi, ningayeki

Hlengiwe Ngobese

Uwayengumphathi wezimali omkhulu kuMasipala Wendawo waseNgquza Hill, wayelokhu azi ukuthi ngo-lunye usuku uyoba nebhizini-si lakhe. Yingakho nje kwathi lapho eza ukuthi ipulazi lase-Kokstad liyathengisa ngowezi-2012, wathatha igxathu elikhulu lokuba nokholo futhi washiya umsebenzi wakhe.

Ipulazi lakhe, i-Copperfield, linendawo yemikhiqizo yobisi enezinkomo zohlobo lwe-Jersey eziyi-146 ezikhqiza amalitha ayizi-2 500 obisi ngosuku, kanye nezinkomo ezingakwenza, kwakudingeka

lithengisela i-Spar, i-Rhino Supermarkets kanye nezitolu ezinkulu kulo lonke elaKwa-Zulu-Natali naseMpumalanga Kapa ubisi, amasi neyogathi.

Waqla enabasebenzi abayi-10 kodwa manje usebasebenzi abaqashwe ngokucwele abangama-36.

UPepeta wathi leli bhizini-si lakhe lwalungeke liphumelele ngaphandle kwemali-mboleko yebhizini eyizigidi ezine zamarandi ayithola kwi-Ithala Development Finance Corporation. "Imali-mboleko yangisiza ukuba ngithenge ipulazi, imishini nezinkomo."

Waphinde wathatha nemali yakhe ayeyithole lapho eshiya emsebenzini wayifaka ebhizinisini. "Akukho engangakwenza, kwakudingeka

nje ngenze le nto isebenze."

Ukulima kudinga ukuzinikela

Wathi leli bhizini-si, njengano-ma yiliphi elinye ibhizini-si, linezinselele zalo, wanezela ngokuthi into ecindezelaka kakhulu ukuthola omunye umhlabo ozobavumela ukuba bagcine izinkomo ezengezi-we futhi bandise umkhiqizo wabo.

"Ukuze sihangabezane nezimfuno zamakhasimende ethu, kudingeka sikhiqize okungenani amalitha ayizi-15 000 obisi ngosuku, kodwa ngenxa yokuthi sikude kakhulu nokufinyelela isikali esifanele, sigcina sithenga ubisi kwabanye abalimi ukuze sihangabezane nezimfuneko,"

esho.

Mayela nokuhiqizwa kwenyama, leli pulazi lithengisa izinkomo ezingaphezu kweziyi-150 ngonyaka. Uhlela ukuba namade-la akhe ukuze aphakele izitolo ngokuqondile.

Wathi, ukulima akukona okwabantu abangazinikele ngoba kudingeka usebenze imini nobusuku, unyaka wonke.

Iseluleko sikaPepeta koso-mabhizinisi abancane silula: "Ungesabi ukuthatha amagxathu amakhulu angase abe



■ ULoyiso Pepeta uthengisela izitolo ezinkulu kulo lonke elaKwaZulu-Natali naseMpumalanga Kapa ubisi, amasi neyogathi.

yingozi. Uma igxathu elingaba yingozi lilikhulu, kulapho nezinzu ziba nkulu.

"Ungalo kothi uphonse ithawula lapho ubhekene nezinselele. Izinselele azenzelwe ukukubulala kodwa ukuqini-sa amakhono akho." ■